basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**FEBRUWARI/MASHI 2014**

**IMEMORANDAMU**

**AMAMAKI: 70**

**Le memorandamu inamakhasi ayisi-7.**

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

### UMBHALO A (Ofundwayo)

1.1 1.1.1 Yingoba yizona ezinolwazi oludingwa yisizwe esimnyama.√ (1)

1.1.2 Baphumelela ngokufaka kancane kancane imfundisoze kubantu abamnyama√ eyenza ukuba bazenyeze√ futhi babukele phansi lokhu okungamagugu kubona.√ (3)

1.1.3 Izitshalo ngeke zaphila ngaphandle kwezimpande√ kanti nesizwe ngeke saba nekusasa ngaphandle kolwazi lwezaguga.√ (2)

1.1.4 Ukhombisa ubuntu obenzelwa umnumzane oswele ngokunikezwa isithole ukuze kuvaleke ubuze bakhe.√√ (2)

1.1.5 A/Mandulo.√ (1)

1.1.6 Singilekelele ukuba ngiqonde ukuthi ukusizana esizweni esimnyama kwakungenye yezinto eyayingamagugu esizwe.√√ (2)

1.1.7 Kungaba nomphumela ongemuhle √ ngoba isizwe sihlonipheka ngokugcina amasiko aso kanye nokulondoloza lezo zinto ezingamagugu kuso. √√ (3)

1.1.8 Kusiza ngokuthi babuyela emihlabeni yabo emikhulu bese bekwazi ukuphila impilo abayithandayo ngokuba bakhe kuyona babuye balime noma bayidayise ukuze bazuze ngayo uma sebengasathandi ukubuyela kuyo. (2)

1.1.9 Umbhali uveza imizwa yokukhathazeka ngoba abantu bayazenyeza ngemvunulo, isigqokwa ngemikhosi ethile, labo basuke bevunule bese beyahlukunyezwa. √√
Abantu abafundiswe inhlonipho kanye nokuthanda imvunulo yesintu.√√
(Neminye imibono). (4)

**UMBHALO B (Obukwayo)**

1.2 1.2.1 Zakhiwe ngotshani.√ (1)

1.2.2 (a) ihawu. √
(b) ubhoko. √
(c) umshiza/induku/isagila.√ (3)

1.2.3 Sikhombisa ukuthi laba bantu besilisa bayayithanda imvunulo yabo yesintu baze bayishaye yaphelela.√√ (2)

1.2.4 Inhloso iwukugqugquzela ukuthi abantu abaziqhenye ngamagugu kanye nemvelaphi yabo bayeke ukuluthwa okwabezizwe.√√ (2)

1.2.5 Kungigqugquzele ukuba ngibone ukubaluleka kwemvunulo yesintu ngoba kukhombisa ukuthi ngamukela lokhu engiyikhona futhi anginamahloni ngobuzwe bami./Akungigqugquzelanga. Ngiyathanda ukubuka abanye beyigqokile kodwa ayihambisani nesitayela sami sokugqoka.√√ (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Izimpawu ziyinkomba yendlela ethile eqhakambisa ubuhle noma ububi. | 1 | Ubuhle nobubi bento bubonakala ngezimpawu zakho. |
| 2 | Inkosikazi mayibe nesizotha nenhlonipho. | 2 | Inkosikazi ebazisayo abesemzini kanye nabendawo lapho aganele khona ithandwa yinoma ubani. |
| 3 | Intshebe uphawu olusobala olwenza indoda yehluke ezinhlotsheni eziningi zabantu. | 3 | Umuntu wesilisa okhulile unophawu lwentshebe olumenza ahluke kwabanye abantu. |
| 4 | Amabele amile athe mpo awuphawu lwentombi nto ngokwesintu. | 4 | Intombi nto ibonakala ngamabele amile. |
| 5 | Izimpawu zomhlengikazi uthando, ukubekezela kanye nokuqhilika kwezihlathi. | 5 | Umuntu ongumhlengikazi ubonakala ngokuphatha kahle iziguli kanye nokuba nomusa. |
| 6 | Yilowo nalowo muzi kumbe leso naleso sibongo sinophawu lwaso. | 6 | Imizi kanye nezibongo zinezindlela ezibonakala ngazo ezenza zehluke kwezinye. |
| 7 | Umholi unophawu olungechazeke, uphawu olusegazini. | 7 | Umuntu ongumholi unophawu azalwa nalo olumenza ahluke kwabanye abantu. |

**NOMA**

**Ukufingqa ngesigaba.**

Ubuhle nobubi bento bubonakala ngezimpawu zayo. Inkosikazi ebazisayo abesemzini kanye nabendawo lapho iganele khona uthandwa yinoma ubani. Kanjalo-ke nomuntu wesilisa osekhulile uba nophawu lwentshebe olumenza ahluke kwabanye abantu.

Intombi nto yona ibonakala ngamabele amile mpo. Kanti umhlengikazi uba nophawu lwesineke nothando ekuphatheni kwakhe iziguli. Imizi kanye nezibongo kokubili kunezimpawu zakhona. Kanjalo nomholi uba nophawu azalwa nalo olumenza ahluke kwabanye abantu.

Inani lamagama = 60

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

- Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - amamaki ama-3 awolimi.
  - amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma abahlolwayo besebenzise amagama abo:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

**QAPHELA:**

- **Isakhiwo:**
  Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele sihlolwe.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

3.1 Ulibhale ngefonti enkulu √ kanye nombhalo ogqamile.√ (2)

3.2 Sibhekiswe kubo bonke abantu abaphethwe yilezi zifo ezibhalwe kulesi sikhangisi.√√ (2)

3.3 Lifakelwe ukukhombisa ukuthi lo mkhiqizo wenziwa lapha eNingizimu Afrika.√√ (2)

3.4 Ukuze abathengi abangaphuzi utshwala bangawuthengi umuthi onesivalo esimnyama.√√ (2)

3.5 Usebenzise ulimi olunamandla futhi oluhehayo olwenza ukuba umthengi aheheke ukuthi lo muthi okhangisiwe uzokwenza lokho okushiwoyo. √ Isibonelo: umlingo wemvelo/udlondlobalisa/uphila ube ngumqemane.√ (2)

**[10]**

### UMBUZO 4

4.1 Ukusetshenziswa kwefonti enkulu kanye nophawu lokubabaza kukhombisa ukuthetha okuveza ukuthi umama uRuby akahambisani nalezi zinto eziphuma epotimendeni likaThemba. (2)

4.2 Umama uphawula ngamaswidi kuphela akasho lutho ngezikhali eziphuma epotimendeni likaThemba kanjalo nephephandaba liqhakambisa ukukhuluphala ngokweqile kwezingane kunokuphawula ngodlame olwenzeka ezikoleni. (2)

4.3 Umangazwa inkulumo kanina ethethela amaswidid kunokuba athethele izikhali eziphuma epotimendeni lakhe. (2)

4.4 Kugudlisela ukuthi izinga lodlame ezikoleni selidlondlobele kakhulu. (2)

4.5 Umyalezo wekhathuni udlulisa ukuthi ukukhuluphala ezinganeni zesikole yikona okusemqoka kunodlame olukhona ezikoleni. Umbhalo uveza ukukhuluphala kanye nodlame sengathi yinto efanayo. (2)

**[10]**

### UMBUZO 5

5.1 lokonga.√ (1)

5.2 Siqukethe umqondo wokuyokwenzeka.√ (1)

5.3 Lezi zicathulo ngizithenge ngeshisayo imali.√√
(Neminye imisho iyokwamukelwa uma isebenzise igama ‘imali’) (2)

5.4 Ukulondoloza okunenzuzo ethe thuthu abaziyo bakushayela ihlombe/ Ukulondoloza okunenzuzo ethe thuthu bakushayela ihlombe abaziyo. √√ (2)

5.5
- Umusho omkhulu: Umuntu uzuza amankonyane.√
- Umshwana okhonzile ochazayo: othenga amasheya.√ (2)

5.6 Sisetshenziswe kahle ngoba indaba yokongiwa kwemali yinto okukhulunywa ngayo kuyo yonke indawo.√√ (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha